

## USARS NEZINHLAKA ZOKUPHOQELELWA KOMTHETHO BATHATHA IZINYATHELO NGEZIMPAHLA EZINGEMTHETHO

**Pretoria, 27 kuMfumfu 2022:** Izimpahla ezingemthetho zenani lezigidi zamarandi zibanjwe emisebenzisi yokubambisana eyenziwe ngemizamo ehlanganisiwe ngaphakathi kwaSARS enyangeni eyedlule.

- Imisebenzi yobuhlakan i phakathi kwamathimba okuphoqeletwa komthetho ngaphakathi kwaSARS noMnyango Wamaphoyisa waseNingizimu Afrika (i-SAPS) yenziwe mhla zingama-25 kuMfumfu 2022 mayelana nokuvinjelwa nokuhlonzwa ukushushumbiswa kwezimpahla emingceleni kanye nokungathobeli kwemboni kasikilidi nogwayi eHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni.

Amathimba Okuphoqeletwa Komthetho kwaSARS ajutshwe e-East Rand eGauteng esekwa yi-SAPS, athole iroli lethula umthwalo kagwayi oluahlaza kusigcinimpahla, okusolakala ukuthi ungeniswe uvela eZimbabwe. Ithimba liphinde lathola amabhokisi amaningana kagwayi oluahlaza, ayelethwe kuso lesi sigcinimpahla.

Kuphinde kwatholakala ukuthi ugwayi, owawulibangise kusigcinimpahla eziboshiwe, sijikiswe ngokungemthetho sayiswa kusigcinimpahla esingabhalisiwe. Lokhu kuwukwephula uMthetho weNtela yempahla eHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni.

Amathimba asebenza ngokuhlanganyela abe esehlola ngokuphelele, kube sekuvalelw lezi zimpahla ezilandelayo ukuze kuqhutshewo nophenyo:

- Amabhokisi angama-472 kagwayi oluahlaza wenani elingu-R10 919 000 ngokweHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni (kubandakanya izintelo kanye nentelantengo)
- Iroli elithutha amabhokisi kagwayi oluahlaza wenani lika-R2 500 000.

Kuboshwe abantu ababili kanti uphenyo lusaqhubeka.



- Mhla zingama-23 kuMfumfu 2022, isisebenzi seHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni esisebenzela eKopfontein sihlole iroli elangena eNingizimu Afrika lisuka eBotswana. Isisebenzi siqaphele ukuthi kukhona okungahambi kahle sabe sesiyalela umshayeli ukuba avule indawana eyenziwe ngokhuni.

Kwatholakala amadoda ayisishiyagalombili efihlwe kule ndawo mbumbulu ngaphansi kwenqola. Kusolakala ukuthi lamadoda ayevela eMalawi ezama ukungena eNingizimu Afrika ngokungemthetho. Icalaladluliselwa eMnyangweni Wezindaba Zasekhaya nakuSAPS.

- Phakathi komhla ziyi-18 namhla zingama-21 kuMfumfu, kwabekwa izimvimbamgwaqo emigwaqweni emikhulu eseduze nezintuba zokungena eNorth West, eLimpopo, naseGauteng ngenhloso yokuvimbela nokuhlonza ukuhweba okungenthetho kanye nokushushunjisa kwezimpahla ezifana nemikhiqizo kasikilidi nogwayi okungemthetho emingceleni. Imiphumela imi kanje:
  - Mhla ziyi-19 kuMfumfu 2022 ithimba lokuphoqeleva komthetho leHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni bamise basesha imoto ngaphandle kwaseMokopane bathola umshayeli ephethe izijumba zeidakamizwa eziyi-11 650, okuyi-Khat, ezinesisindo esingama-249kg zenani elingu-R700 600. Umshayeli waboshwa, kwabanja izidakamizwa zanikwa uMnyango Wamaphoyisa eNingizimu Afrika.



- Futhi, mhla ziyi-18 kuya kumhla zingama-21 kuMfumfu kuzo zontathu izifundazwe, iThimba Lokuphoqeleva Komthetho leHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni lenze ukhukhulelangoqo kubahwebi abasolwa ngokungathobeli imigomo yoMthetho Wentela Yempahla ngenxa yokuhweba ngemikhiqizo kasikilidi nogwayi. Ukuphulwa komthetho kubandakanya ukubiza amanani angaphansi kwafanele, ukungabikho kwamaphepha afakazela ukuthi kukhokhiwe, ukungabikho kwamainvoyisi asemthethweni, amaphakethe kasikilidi angathobeli uMthetho Wentela Yempahla kanye noMthetho Wemukhiqizo Kagwayi efana nokuthi awanaso isigxivizo esisadayimane noma isexwayiso sezempilo. Kubanjwe amakesi amakhulu angama-81 anamakhathoni angama-50 kasikilidi wenani lika-R1 277 000.
- Esifundazweni saseNorth-West, kubanjwe okhilimu bobuso abangeniswe ngokungemthetho benani elingu-R104 000 ngesikhathi kwenziwa lo msebenzi.



- Ukungenelela ngokubambisana phakathi kwe-NRRT ne-SAPS eGauteng mhla ziyi-13 kuMfumfu 2022 nabo bahlonze babamba lezi zimpahla ezingemthetho ezilandelayo:
  - Utshwala obungekho emthweni, imishini yokupakisha nokugaya utshwala lwenani elingu-R1 525 800
  - Imikhiqizo kasikilidi nogwayi okungekho emthethweni: amakesi amakhulu angama-653 ngalinye liqukethe amakhathoni angama-50 kagwayi wenani lika-R9 118 355.
  - Izingubo, izindwangu, izinto zesikhumba, kanye nezicathulo okusolakala ukuthi kungeniswe ngokungemthetho kwenani lika-R 1 500 000.



- I-Customs & Excise National Rapid Response Team (NRRT) kanye ne-SAPS basabelile emva kokuthola ulwazi ngesigcinimpahla okungase kwenzeke ukuba sinemikhiqizo kagwayi engekho emthethweni e-Fordsburg Johannesburg mhla ziyi-7 kuMfumfu 2022. Kuthe uma kwenziwa uphenyo, ithimba lathola imikhiqizo kagwayi ohlafunwayo. Umhwebi akakwazanga ukuveza ubufakazi obufanele bokungenisa impahla ngalokho-ke, kwabe sekuboshwa izimpahla zenani elilinganiselwa ku-R100 000 kanti kusazoqhutshewa nophenyo lokushushumbisa imikhiqizo kagwayi engekho emthethweni.



- Mhla zingama-29 kuMandulo, iThimba Lokuphoqeletwa Komthetho langaphakathi kwaSARS lwaba lokhukhulelangoqo ngokubambisana i-SARS/SAPS Joint Enforcement Operation eJohannesburg, lugxile ezimpahleni eziisolwayo okuyingubo zokugqoka, izindwangu, okwesikhumba kanye nezicathulo (CTFL). Lokhu kungenelela ngokubambisana kuholele ekubanjweni kwezimpahla i-CTFL eziyi-10, okusolakala ukuthi zishushunjisiwe zangeniswa ezweni, okungaba nokuphulwa kwamalungelo i-Intellectual Property Rights. Izimpahla zenani lika-R31 million, ziboshwe uSARS ukuze kuqhutshewa nophenyo. Ngesikhathi kwenziwa lo msebenzi kwaboshwa umuntu oyedwa ngesinzolo zokuzama ukufumbathisa.



UKhomishana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter ushayele ihlombe isizebenzi zokuphoqelelw komthetho ezibambe iqhaza kulo msebenzi, okuholele ekubanjweni nasekuboshweni kwabasolwa ababandakanyeka kulobu bugebengu. Uthe: “uSARS, usebenzisana nezinye izinhlaka zokuphoqelelw komthetho, bazoqhube ka nokuqinisekisa ukuthi labo ababandakanyekayo ekuphulweni kwemithetho yezwe kuzobhekvana nabo futhi kubhekwan nabo. Kubakhokhintela abangathobel imigomo yentela, sithanda ukuthumela umyalezo wokuthi uSARS uzokwenza kubenzima futhi kumbe eqolo kulabo abazimisele ngokuzibandakanya kulesi sihlava sobugebengu”.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)